UMakhuzwayo ungumzali ongayedwa ohlala esigodini nezingane zakhe ezintathu.
Amagama amadodakazi akhe uNolwazi, Sizakele kanye noLinda.
Bonke bafunda esikoleni samabanga aphansi okuthiwa iSibusisiwe primary school.



ULinda wayengathandi ukuya esikoleni. Umama wabo wayevuka njalo ekuseni ngehora lesihlanu ukuze abalungiselele amanzi okugeza kanye nophuthu oluthambile.



"Zingane, vukani nigeze nidle,  kungenjalo nizofika sekudlule isikhathi esikoleni."
"Linda, vuka, vuka!" kusho umama wakhe.
"Mama, ngiphethwe yisisu," kuphendula uLinda.



Ngokushesha unina wafuna umuthi wesisu.

“Yidla iphalishi lakho uphuze nemithi yakho,” kusho umama wakhe.

ULinda wazunywa wubuthongo obukhulu ngemuva kokuphuza umuthi.



ULinda uvuke ngehora leshumi, wadlala ngebhola lakhe.

"Usuzizwa ungcono manje?"

"Yebo mama, ngizwa ngingcono kakhulu."

Wavuka ekuseni ngakusasa, waya esikoleni.



Emva kwezinsuku ezimbili, uLinda wehluleka ukuvuka  aye esikoleni..
"Kungani usalele Linda?" kubuza umama wakhe. "Mama, ngiphethwe yikhanda." Kusho uLinda.



"Ulizwe nini?" kubuza umama wakhe.
"Phakathi kwamabili," kuphendula uLinda.
Unina wamnika amaphilisi ekhanda, wamvumela ukuthi alale.
ULinda wavuka ngehora leshumi nanye ngalolo suku ekuseni.



Eqa, egxuma gxuma, uLinda wadlala ngebhola lakhe ngaphandle.

“Ngokushesha kangaka udlala ngebhola lakho, uzizwa ungcono manje?” kubuza umama wakhe.

“Yebo mama, ngiyaphila”, kusho uLinda.



"Kulungile ntombi yami. Uyayibona leyo migqomo?
Thatha lelo bhakede elincane bese ugcwalisa amabhakede amathathu ngamanzi.



Beka lelo bhola, uzodlala uma sezibuyile ezinye izingane."

Ngalolo suku, ilanga lalishisa bhe! Waqala wagcwalisa amabhakede amakhulu. Izingane zakubo zabuya esikoleni. Ngalesi sikhathi, uLinda wayegcwalisa ibhakede lokugcina.






“Mama, ngabe uLinda ubengaguli?” kubuza izingane zakwabo.

“Buzani kuye.” Kuphendula umama wakhe. Ngakusasa uLinda wavuka, wageza, wadla ukudla kwakhe. Waya esikoleni.

Odadewabo bamhleka bathi:
"Linda, uyabona ukuthi akulungile ukulova ngamabomu esikoleni?"
"Yebo, ngifunde isifundo." Wayeshiywe ngemuva emsebenzini wakhe wesikole.



Ngenhlanhla, uthisha wakhe wameseka kakhulu. Wamsiza ngawo wonke umsebenzi wakhe wesikole. ULinda wayejabule kakhulu ngawo wonke umsebenzi wakhe futhi wazisola ngobuvila bakhe.
Ukukhuthala kwakhe kwakhuthaza uthisha ukuthi amsize nsuku zonke. ULinda waqhubeka nokusebenza kanzima.
Ekupheleni konyaka, waphasa kahle.



Kusukela ngaleso sikhathi, waya esikoleni njalo. Wazivusa, engasizwanga unina. Wabe esebuka odadewabo maqede wathi: "Angisoze ngaqamba amanga ukuze ngiphuthe esikoleni, kusukela manje ngizolala ngovivi ukuze ngisheshe ngivuke."



